# HILLCREST HIGH SCHOOL

## UKUHLOLWA KUKAMEYI 2012

## ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA (FAL)

## IBANGA LE-11 (GRADE 11)

## IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)

## NON-MOTHER SPEAKERS ONLY

ISIKHATHI: 2 AMAHORA AMAMAKI: 70

IMIYALELO KOHLOLWAYO:

- Funda lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
- Ungayixovi imibuzo.
- Phendula ngesiZulu esihle esemukelekile.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

# UMSHADO – NELISIWE ZULU

1. IMIBUZO EMIDE

Khetha imibuzo emibili (two) emide ubhale ngayo ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

1.1 Uthando luyimpumputhe (blind) uma selufikile lwenza umuntu angezwa (hear) lutho (nothing). Uyavuma noma uyaphika? Xoxa ubhekise kuBhekani endabeni ethi "Umshado" (20)

1.2 Xoxa ngezixwayiso (warnings) uBhekani ayezithole ngamaphupho (dreams) nalezo ayezinikwa abangani nezihlobo (friend and family) mayelana nokushada uTholakele. (20)

1.3 Qhathanisa (compare) indlela umama kaBhekani aphila ngayo kanye nekaBhekani. Yisho (say) ukuthi yini edala kube khona lo mehluko (difference) ekuphileni kwabo (way of life) (20)

1.4 Xoxa ukuthi umlingiswa ngamunye (each character) uvezwe engumuntu onjani endabeni ethi "Umshado"

1.4.1 uBhekani
1.4.2 uTholakele
1.4.3 ubaba kaBhekani
1.4.4 uSifiso
1.4.5 uPamella (20)

2. Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo ngemisho ephelele.

"Wabonakala wasese nje Bheki namuhla?"

"Cha, Sifiso, ukuthi izolo ngike ngathola ithutshana lokuxoxa noTholi."

"Uyazi ukuthi sengiyamazi uTholi lowo ukuthi, ungumfelokazi wale emakhaya."

"Umaze kanjani?"

"NgoZenze."

"Baningi phela abajita engibaphethe mina mfowethu?"

"Manje uthi angenzenjani Sifiso?"

"Phela ayikho into ongayenza, ingani sengikutshelile ukuthi uTholi umfelokazi."

"Sifiso, kulukhuni kabi ukuthi ngivele ngiyiyekele kanjalo indaba kaTholi. Angizenzi, ngisenkingeni enzima."

"Noma ngabe inkinga yakho ingakanani ngeke ize ikwenze ukuba ufune ukuganwa umfelokazi. Bayamfuna futhi abafowabo bomkhwenyana. Uma uzisondeza kuTholi uzongena enkingeni ndoda." Wathula uBheki amathe abuyela kwasifuba. Wezwa ikhanda sengathi liyazimuka.

"Ngiyezwa Sifiso." Washo maqede wasuka wahamba uBhekani. Wabona ukuthi ubethi ekuhluphekeni, kanti sengathi uphonseka kokukhulu. Wagcina ezitshele ukuthi akayeke manje uloku ekhuluma le ndaba uSifiso. Wahleka yedwa ebona lobuya buhle ngamehlo engqondo.

| | | |
|---|---|---|
| 2.1 | Yini into eyenza uBhekani ajabule? | (1) |
| 2.2 | Impendulo kaSifiso ethi "...ungumfelokazi" yamphatha kanjani uBhekani? | (1) |
| 2.3 | Ngubani uZenze okukhulunywa ngaye endabeni? | (1) |
| 2.4 | Nkingani le abhekene nayo uBhekani? | (1) |
| 2.5 | Ukube wawunguBhekani, wawungenzenjani kulesi simo? | (1) |
| 2.6 | USifiso uvezwe njengomlingiswa onjani kule ndaba? | (1) |
| 2.7 | Sithola siphi isifundo kule novelana ethi "Umshado"? | (1) |
| | | [7] |

3.

UBheki wathi jeqe wabona ukuthi uPamella lo useboshiwe. Uthe ethi uyasukuma: bamhlalisa phansi. Lezi zinsizwa ezimhlophe ezimbili kwacaca ukuthi amaphoyisa. Elilodwa iphoyisa lakhipha izinsimbi labopha umakoti. UBheki kwakusengathi uyaphupha. Wasukuma walandela amaphoyisa ayesehamba noTholi. Kwasuka omkhulu umsindo esontweni.

"Yini Tholi? Niboshelwani?" kubuza uBheki ekhala.

"Ubofika ecaleni mntakwethu."

Abange esakwazi nokuvalelisa uBheki. Umakoti noPamella base begcwele evenini ngemuva. Bayisusa ngokukhulu ukushesha abafana babelungu. Yanyamalala ngokushesha.

UBheki wasala ekhamisile lapho nesudi kanokusho. Akekho owasondela kuye ngaphandle kukanina noLindiwe.

"Ikhona imoto Bheki, asihambe siye ekhaya." Uthe uma ebheka ukuthi ubani lowo okhulumayo uBheki, wacishe waquleka uma ebona ukuthi uLindiwe. Akakwazanga ukuzizela uBheki. ULindiwe wamdonsa uBheki wamngenisa emotweni bahamba.

3.1 Ngabe uboshelwani uPamella? (1)

3.2 Wayehlaliselwani phansi uBhekani? (1)

3.3 Yini eyayenza uBhekani kube sengathi uyaphupha? (1)

3.4 Ngobani abasondela kuBhekani ngesikhathi esamangele? (2)

3.5 UTholakele kungabe uyazisola ngalesi senzo sakhe? Vuma noma uphike usekele nempendulo yakho. (3)

[8]

4. Phendula ngegama elilodwa

4.1 Yini igama lemijondolo okwakuhlala kuyo uTholakele? (1)

4.2 Ubani igama lomngani kaTholakele womlungu? (1)

4.3 Ubani umfowabo womyeni (husband) kaTholakele? (1)

4.4 Ubani igama lomngani kaBhekani owayewuthisha? (1)

4.5 Ubani igama lenye intombi kaBhekani enengane naye? (1)

[5]

5. Khetha impendulo okuyiyonayona kulezi. Bhala uphawu kuphela.

Isibonelo 5.6 – G

5.1 UBhekani waye....

A. ummeli

B. uthisha

C. umabhalane

5.2 UTholakele wayethi usebenza.....

A. efemini

B. esitolo sefenisha

C. esibhedlela

5.3 Umama kaBhekani wathi makushiswe...... ukuze kucelwe kwabaphansi ukuba uBhekani ashade uTholakele....

A. uphaphe

B. imphepho

C. impepho

5.4. UBhekani waboleka uTholakele......... ukuze abheyilele uZenze.

A. izinkulungwane ezimbili

B. izinkulungwane ezintathu

C. izinkulungwane ezinhlanu

5.5 Imoto eyayithatha amantombazane ayodlwengulwa yayinalo mbala.......

A. obomvu

B. omnyama

C. ompunga (5)

6. Phendula ngokuthi YIQINISO noma YIPHUTHA.

6.1 USifiso noBhekani babefundisa ndawonye.

6.2 Umama kaBhekani wayengunesi.

6.3 Ubaba kaBhekani wayesashona.

6.4 Umalume kaBhekani wayengumkhongi kaTholakele.

6.5 ULindiwe wayeyintombi kaSifiso.

(5)

ISAMBA SESISONKE: 70